Isimemo seNgqungquthela yabeFundisi 5 – 7 Mashi 2007

'EZIKHATHINI EZIFANA NALEZI …'

Sihlobo esithandekayo eNkosini

Sithanda ukukumemela kwiNgqungquthela yabeFundisi elandelayo eNingizimu Afrika ihlelelwe umhla **ka 5 kuya ku 7 Mashi 2007** uma iNkosi ivuma. Siyoqala ngoMsombuluko ebusuku siphethe ngoLwesithathu ebusuku. Siyanxusa ukuba uthandaze ngalesi simemo esiqondene nawe, umkakho nanoma yibaphi abanye enibambisene nabo ensimini kaKristu.

Isihloko-mgomo esithi ***'Ezikhathini ezifana nalezi …'*** sikhethwe ngabomu ngenxa yokuthi sinabile, siqoqa konke okuqondene nalesi sizukulwane nesidingo esiphuthumayo sezitsha ezihloniphekileyo (2 Thim 2:21) ezizonikwa amandla nguMoya oNgcwele ukuba zikhulume ngesibindi ukukhanya kweqiniso laKhe emafwini obumnyama. Siyathandaza ukuba le ngqungquthela iholele emgomweni omkhulu, ukuba kuyiswe udumo kuNkulunkulu.

Uma kuneqhaza olibambile emsebenzini kaKristu iNgqungquthela yabeFundisi KwaSizabantu yango 2007 iqondene nawe! Simeme izikhulumi eziphambili, amadoda kaNkulunkulu aziwa ngobuqotho ukuba basidlulisele imiyalezo.

IZIKHULUMI

Ezinye zezikhulumi esezisimukelile isimemo yilezi:

Philip **BELL**	*Umphathi we-Creation Ministries International (UK/Europe)*
Rev Ernest **MCAMBI**	*Umqondisi woMnyango wesiZulu kwi-Trans World Radio* *Umfundisi wase-Umlazi Baptist Church;* *Umongameli we-Baptist Union KwaZulu-Natal*
Rev Phillip **MOLEFE**	*Umfundisi we-Vaal University of Technology;* *Umbhishobhi we-CCCI*
Dr Gerard **OLIVIER**	*Umfundisi wase-Dutch Reformed ePort Elizabeth;* *Isazi sezeTestamente elisha; Umhumushi weBhayibheli (wahumusha iTestamente elisha ngolimi lwa Makhua Xirima eMozambique)*
Past Leonard **SANKEY**	*Umfundisi wase-Faith Mission Church eMelika;* *Unobhala-jikelele we-Interchurch Holiness Convention*

Eminye imininingwane ngezikhulumi izolandela. Uma uthanda ukushesha uthole ulwazi ngezifika muva ngeNgqungquthela ka 2007 nezinye ezilandelayo ungathumela i e-mail kuleli kheli: ksbmins-list-subscribe@kwasizabantu.com

Sicela usheshe usibuyisele impendulo ngokugcwalisa ikhadi ulibuyise, ngocingo, ngefaksi noma nge e-mail (ikheli yilo elingenhla). Sicela usinike uhlu lwamagama alabo abangathanda ukufika; usihlukanisele ukuthi bangaki abashadile, abesilisa noma abesifazane. Ungabhalisa futhi kwiwebsite yethu ethi: **www.kwasizabantu.com.** Uma unemibuzo ungasebenzisa ikheli lethu le e-mail elithi: ministersconference@kwasizabantu.com

Indawo yokulala iyotholakala; singacela nje ukuba niphathe okokulala uma kungenzeka. Siyolekelela ngezinto zokuhamba kulabo abasuka kude kusukela eThekwini esikhumulweni sezindiza, esiteshini sezitimela nasesitobhini samabhasi. Siyocela ukuba usinike isikhathi odinga ukulandwa ngaso.

Sesiyolindela impendulo yakho.

Owakho emsebenzini weNkosi

Rev Erlo Stegen
UMQONDISI: KWASIZABANTU MISSION

"Kubantwana bakwa-Isakare ngabazi ukuqonda izikhathi ukuba bazi okufanele ukwenziwa ngu-Israyeli …" (1 IziKronike 12:32)

"Kepha [uJesu] waphendula, wathi kubo: Kusihlwa nithi: 'Loba lisile, lokhu izulu libhejile;' kuthi kusasa nithi: 'Namuhla lizakuphendula, ngokuba libhejile, liguqubele.' Kanti ukuma kwezulu niyakwazi ukukuchaza, kepha izibonakaliso zezikhathi aniziqondi na?" (NgokukaMathewu 16:2-3)

"Yayisisho inkosi kwabahlakaniphileyo abazazi izikhathi ..." (Esteri 1:13)